

**Speech by KZN Health MEC, Neliswa Nkonyeni at
KwaNobamba Tribal Court
11 October 2008**

Programme Director

Ondabezitha Ababambile:

- Ohloniphekile ---Baba u Buthelezi
- Ohloniphekile –Mama u Khumalo

Izinduna zamaKhosi

Amakhansela omkhandlu

Senior Managers from the Dept

Malunga omphakathi ahloniphekile

All Protocol observed

Siyabingelela endaweni yakwaNobamba. Namhlanje senza ibuya njengaloku sasikhona lapha ekuqaleni konyaka ngo April.

Kuzokhumbuleka ukuthi kwaba khona izicelo amalunga omphakathi aziphakamisa, nathi ngakolunye uhlangothi sathembisa ukuthi sizozama ukwenza umnyakazo, namhlanje sekunjalo.

Okuphambili thina esifuna ukukuqikelela, isimo sempilo yabahlali kuwo wonke amazinga ngokweminyaka yingakho nje sihamba nama

Mobile Clinics ukuthi abonesi bethu bezokwazi ukuhlola zonke izinkinga abantu abanazo.

Sihlola **amehlo; TB; senza i VCT; BP siphinde silaphe nama Minor Ailments**. Wonke umuntu ongazizwa kahle sifuna namhlanje angahambi lapha engaxilongiwe.

Usizo esilukhiphayo luqalisa ngenkathi ingane isesesiswini sikamama ngoba uma umama ozithwele engezi emtholampilo, kuba khona enkulu ingozi eyenzekayo:

A. The neonatal mortality rate

Singumnyango sikhatheke kakhulu ngesibalo esiphezulu sabantwana abashona bezalwa bengakaqedi ngisho izinsuku eziyisikhombisa (babies dying before 7 days). Indlela thina singuMnyango esikulwisa ngakkho loku ukuthi abesifazane abazithwele sifuna bazi ukuthi naku esinako:

Provided free Ante Natal Care since 1994.

Lolu usizo olubhekele ukuhlola ukuthi umama ngabe ume kanjani ngama nutrition emzimbeni wakhe, sibe sinendlela futhi esingawakhuphula ngayo, siphinde sinikeze neziluleko ngendlela okufanele aziphathe ngayo.

Ngakhoke siphakamisa loku:

Attending ante natal care early within the first three months is essential:

Lapha maningi ama **screening tests** esiwenzayo ukuqinisekisa ukuthi umama kanye nomtwana omusha basisimeni esihle sempilo. Kungaso futhi lesikhathi lapho siyaye sigxuse ukuthi abazali bobabili, ubaba nomama ukuthi benze i HIV ukuze kuzokwazi ukuvikeleka umntwana ongakazalwa uma bona bobabili sebephila nalo igciwane legculazi. Siphinde siluleke ngokuthi abantu abenze ucansi oluphephile ngenkathi owesifane ezithwele.

SinguMnyango sikhalaza kakhulu ngesibalo esiphansi sabesifazane abeza emitholampilo ukuzohlola igciwane. **Too few pregnant women are being tested for HIV**

Usizo olunikezwa kuma clinic ethu lutholakala mahhala kodwa izibalo zethu zikhipha okushaqisayo ngelokuthi **Only 35% of women come for ante natal care before 4 months** in KZN.

Uma lesisimo siqhubeka, loku kwenza ukuthi kube nzima ukuthi sivikele okukhubazeka okade kunganqandeka.

Enye inkinga esibhekene nayo yileyo yokuthi abantu abayilaleli imiyalelelo yethu. Abahlengikazi bakhalaza ngokuthi omama are **Not attending good regular ante natal care.**

Loku abahlengikazi bathi kuzibonakalisa kabi ikakhulukazi ezinganeni eziphuma zingama **still births**.

Kuphinde kube kubi nakithi uma kuzalwa abantwana isikhathi sabo singakafiki, loko okwaziwa ngelama **premature babies** nokuyinto thina esaziyo ukuthi ingavimbeleka.

Loku sikubona kakhulu kubantu besifazane abathola izingane besengaphansi kweminyaka engu 18.

Abahlengikazi bethu baqeqeshwe ngokwanele ukuhlenga lezizimo engizibalayo njengoba kumanje **over 65% of hospitals are using “Kangaroo Mother Care”** to nurse premature babies.

Kanti ke kwabona omama siyabafundisa manje ukuthi bajwayele ukuteta abantwana babo ngaphambili ngoba kusiza ukuthi umntwana aphefumule ngendlela nezinga lokushisha kwakhe *linakekeleke, improves the breathing of these tiny babies and keeps the baby at just the right temperature that supports good growth.*

Ukushona kwabantwana besanda kuzalwa into esingasayifuni mpela. Loku okwenzeka e Mahathma Gandhi Hospital ngenkathi kubheduka I **Klepsiella** azange kusiphathe kahle. Kumanje siyaqinisekisa ukuthi abantwana abafakwa emabhodleni baphephile; **Regular monitoring for infections in nurseries is done, so that the**

correct steps can be taken to prevent the infection spreading.

Okunye engifuna ukucebisa ngako, ukubaluleka kobisi lwebele kubantwana **Breast is best for the baby**

- It helps prevent infections such as diarrhoea and pneumonia.
- It makes a good bond with the mother for the mental health of the child, and
- It has been shown the breast fed people do better at school.
- Mothers are supported to breast feed almost straight after birth.

Ngiphinde futhi ngigcizelele ukubaluleka kwama Ante natal classes ngoba yazi ukuthi **Immunisation starts during pregnancy**, lapho sinikeza omama umjovo ovimbela ukuthi umntwana angangenwa i Tetanus.

Kuzokhumbuleka futhi ukuthi kulesifunda ngonyaka ka 2004 kwabheduka i measles kodwa ngokubambisana nabazali sakwazi ukuyiqeda. Manje asisafuni ukuthi kuphinde kwenzeke loko, sifuna kubanjiswane mayelana ne **immunisation** as *it is one of the corner stones of Primary Health Care.*

Kuloluhlangothi sicela ukubambisa kuzo zonke izinhlanga zomphakathi kubalwa nothisha ukuthi basibikele uma bebona izimpawu ze measles izizibonakalisa kanje:

- red rash, red eyes and runny nose
- or where a child suddenly becomes paralysed, even if only in one arm or leg

Masibambisane futhi ukuqeda izikelemu ezihlupha abantwana, yazi ukuthi **six monthly deworming is available at all clinics.**

Abantwana futhi sithi mabahlale belethwa emitholampilo ngoba

Child health services at all Primary Health Care Clinics

provide Vitamin A, loku kuqinisekise ukuqina kwemizimba yabo kuphinde kuvimbele I pneumonia. Yazi ukuthi i pneumonia remains the biggest killer of children in KZN, and about 60% of these children are infected with HIV.

Clinics are also providing a growth monitoring service. Iapha

abantwana siyabakala sibenzele ne chart ezokhombisa ukuthi umntwana kufanele akhule kanjani.

Masibambisaneni sikhululise izingane zesizwe ezisempilweni.

Kobaba ngifuna ukusho ukuthi sikhathazeke kakhulu

ngokungahambeli kwabo izikhungo zeMpilo.

Ngizosho ngaphandle kwamahloni ukuthi inkinga izwe elibhekene nayo ukuthi isibalo samadoda anegciwane legculazi asaziwa. Hayyi madoda, sithi khombisani ubudoda nani yisebenziseni lenqubo ye **VCT**.

Izingane zethu sithi kuzo phambili ngemfundo, phansi ngodaba locansi: abstain, abstain, abstain.

Phambili ngempilo egcono kuwo wonke umuntu.